

DEBATES AND PROCEEDINGS OF THE THIRD

KWAZULU-NATAL LEGISLATURE

FOURTH SESSION

THIRD LEGISLATURE

TUESDAY, 27 MAY 2008

**THE HOUSE MET AT 10:00 IN THE LEGISLATIVE CHAMBER,
PIETERMARITZBURG.**

**1. SILENT PRAYER OR MEDITATION, OR READING OF THE PRAYER IN
SCHEDULE 2.**

The Speaker, Mr T W Mchunu, took the Chair and read the prayer in isiZulu.

2. OBITUARIES AND OTHER CEREMONIAL MATTERS

THE SPEAKER: Asikhuleke. Mvelinqangi nonguBaba wethu osezulwini wena okuthe ngomusa nobuhlakani bakho obungenamkhawulo wabeka ababusi wamisa nemibuso ukuze ibhekelele inhlalakahle yomphakathi kanye nokuphathwa ngobulungiswa kwabantu. Siyakunxusa ukuba wehlisele ufefe lwakho kithina sonke zinceku zakho ozijube ukuba zenze umsebenzi omqoka njenganalona kuleli lizwe lethu. Sengathi izibusiso zakho zingehlela kuthina sonke sihlangene lapha zisenze ukuba ngaphansi koholo lwakho. Sibheke sibuye sicubungule konke okuzolethwa phambi kwethu, sikucubungule ngendlela enobulungiswa nokwethembeka ukuze silethele wena ukuhlonishwa nodumo futhi sithuthukise nenhlalakahle yabantu bakithi osibizele ukuba sibasebenzele. Baba Somandla sinxusa umusa wakho kanye nobuhlakani bakho ukuba kusihole ngazo zonke izikhathi nakukho konke esikwenzayo nesikudingidayo. Simize usihole endleleni enoholo oluqotho. Konke lokhu sikunxusa egameni nasemandleni akho Mvelinqangi. Amen

Masihlalani phansi.

Number 2 on the Order Paper is the obituaries and other ceremonial letters. I have a letter that has been written by the IFP Parliamentary Caucus. Macingwane, It is with

sadness that I wish to inform the hon Speaker and the House about the passing away of one of the veteran gospel musicians Mr Vuyo Mokoena who departed from this life on Friday last week after a long illness due to the brain tuma. Mr Mokoena's memorial service is scheduled for Thursday 29 May at 10h00 at the Luthuli Hall, Durban City Hall. The funeral service is on Friday 30 May at 09h00 at the Spring Civic Centre in Gauteng. Yours, Mrs L R Mbuyazi, Whip of the IFP.

I am announcing this because that gospel singer was an icon of many and therefore members have an interest in knowing so has the public has an interest in knowing. Hon members that is the only obituary that has been brought to my attention which is in respect of a passing away but there has also been a list of members who have been unwell.

My office was informed that the following members of the Legislature I have have been or are hospitalised. Hon CJ Mthethwa was involved in an accident on Thursday, 22 May 2008 and was admitted at Dundee hospital although he is in a stable condition. That is the information that was brought to my attention.

Miss NV Noel has been admitted to eNtabeni Hospital on Sunday 25 May 2008. I wish these two members and any other member who has an ailment a speedy recovery. But in respect of the passing away of the gospel singer Mr Vuyo Mokoena I will request the members of this Legislature rise for a moment of silent to respect that member of the public. Sengathi umphefumulo wakhe ungalala ngokuthula noxolo. Siyabonga

Hon members I wish to take the liberty to wish the following members belated birthday wishes. Ngicabanga ukuthi iNkosi le MZN Madlala born on 4 May, hon K Panday born on 5 May, hon MR Mzobe born on 6 May, hon GN Swartbooi born on 8 May, hon TW Mchunu born on 11 May, hon iNkosi uMdletshe born on 15 May, hon GM Sithole born on 21 May, hon Ambler-Moore born on 25 May and hon PM Makhaye born on 25 May. We wish all of these members' belated happy birthdays. Nikhule nize nikhokhobe bakwethu nonke including noMchunu. May be let me take the opportunity to take all of those members who during the time of my birthday lent of it and sent me birthday wishes. Thank you very much hon members.

Members I now go to the next category of announcements and this is apologies. I have an apology from the hon Premier Dr J S Ndebele, he has tendered his apology for not

attending this Taking Legislature to the People because of other official commitments. Hon MECs Ms CM Cronje and Mr BH Cele will not attend today's sitting as they are away on official business. Hon Mr MAI Kubheka will not attend this sitting because of prior engagements. That concludes those matters that are apologies.

The further announcement is that I wish to remind members that tomorrow Wed 28 May ... [14:54:22]

Thank you. We will now proceed to the Orders of the Day, Item number 8. Item number 8.1 is the Debate on the Report of the Multiparty Oversight Visit to Uthungulu District. I will now request the hon Chairperson of Committees, hon S N Mtetwa, who has five minutes to introduce the debate.

MR S N MTETWA (Chairperson of Committees): Thank you very much, Mr Speaker. This report is a product of an intensive session of public interaction meetings held at the six municipalities of Uthungulu from Tuesday, 22 to Saturday, 26 April 2008.

I also want to mention the delegation that attended. I was one and then hon G B Bhengu, R E Keys, G N Khawula, D N Khuzwayo, Z M Ludidi, G Mari, S W Mcoyi, L Mncwango, Inkosi M Z Mthuli and J S Vilane. We received an apology from hon B J Msomi, but I must also indicate, Speaker, some of the members were rotating here.

It is with utmost gratitude to yourself as the champion of this programme and the Legislature of KwaZulu-Natal as the owner of the programme, that I am tabling a report that indicates the challenges that our people are still faced with on a daily basis. I would like to thank you for having sent us as the servants of the people, to the people that we serve, to hear what they had to say.

I would also like to thank all the political parties that were able to spare their members in the middle of the budget sitting so that they participate in the public interaction programme. Our word of gratitude should also go to the mayors and the political leaders of the Uthungulu District Municipality and the local municipalities of Mthonjaneni where we held our meetings on the 22nd, Ntambanana where we held our meeting on the 23rd, uMlalazi where we held meetings on the 24th, uMhlathuze and Mbonambi where we held meetings on the 25th and iNkandla where we held our last meetings on 26 April.

My work would not be complete if I do not thank Amakhosi and Izinduna within the district under the chairmanship of Inkosi Biyela yaseMahlayizeni for the attendance at the meetings and the words of welcome that Amakhosi that were present, gave to the delegation.

Speaker, I am happy to report that the delegation that you sent, worked very diligently and as a united team of members of the Legislature and not members of different parties. We all complemented each other very well in the tasks that we were given at different stages during the public interaction meetings.

The visits were however not without challenges. It is through the challenges that we faced, that we are able to stand up in this House and say without hesitation that the programme is really valued by the people that we visited. I thank the people for their attendance.

Kodwa-ke angiqede ngokuthi ngiphinde engikushilo ngikusho ngikugcizelele ukuthi saziswa ukuthi zikhona izethembiso lapha nalapha ezenziwa abanye bama-department noma ezenziwa abanye, hhayi kuphela kwi-provincial government kodwa kusukela ku-national nakwi-province nakwi-local government. Besicela ngalokho ukuthi it is either iHhovisi LikaNdunankulu ake lithathe isitokwe libheke ukuthi yikuphi la kwenziwa khona lezo zethembiso besekubonakala ukuthi ayinakutholakala yini incazo ngoba kwesinye isikhathi kukhona izizathu ezingabambeka abantu baqonde ukuthi yini le edala idileyi ngoba uhulumeni uma esethembisile yingoba usuke esebonile wabala kodwa-ke kwesinye isikhathi bese kuba nezehlo eziqhamukayo. Yila sisho khona-ke ukuthi ake kubhekwe ukuze kutholakale incazelo epheleleyo.

Angisho futhi ngikugcizelele ukuthi siyacela impela nakuma-Portfolio Committees ahlukeneyo kulezi zinto zalo mbiko ka-24 pages esiwubekile la ukuthi azilandele kuma-Portfolio Committee meetings ukuthi sekuhamba kwafikaphi ngoba owethu umsebenzi njengeSishayamthetho awumningi kakhulu. Sengigcina Sihlalo ukuthi nje sishaye imithetho besesiyibheka ukuthi iyasebenza, sithathe izinqumo bese sibheka ukuthi ziyasebenza, sabe imali bese sibheka ukuthi isebenza kanjani. Akukona okwethu ukuyisebenzisa, bakhona abayisebenzisayo. Yila-ke kufanele sibheke khona siqinise siyithole. Ngale kwalokho isikhathi sakho sesike sachitheka, uma ngingasichitha more siyaba-more later. Angiyibambe lapho ngizibongele Somlomo.

THE SPEAKER: Ngiyabonga kakhulu Nyambose. Nginesicelo sokuthi ilungu elilandelayo okuzoba yilungu elihloniphekile uMcoyi, ake lizame libone ukuthi kungekhulumeke yini kulezi zinto okufanele sikhulume kuzona. Uma ngabe konakala Baba uMcoyi siyokubuyisela kwi-micro. Ayisebenzi eyakho? Ayi munikezeni i-mic uma kunjalo.

MR S W MCOYI (IFP): Hon Speaker, I wish to point this out that we were able to pass this report as a correct record with amendments, but I see that there are no amendments that were made, it was just brought in here as raw as it was, so it means it was just a futile exercise that we had to go and have a meeting to look into the report and make our recommendations. As it is, it is as raw as it was and no amendments were made, which were very important.

Angizochitha nasikhathi esiningi sisho ngohambo lwethu esasiluhamba ngoba yilona olwejwayekile sesihamba siye ezindaweni abantu bakhulume ngamanzi, bakhulume ngogesi, ngezikole, ngamaklinikhi, ngomgwaqo, ngemali yeqolo nokunye nokunye. Sibuye sidlule futhi kube yilokho nalokho akukho okusha kangakanani okuba khona. Okungafanele kodwa uma si-proactive ukube sithi siqambe siya kulezi zindawo siye sekukhona esikuphethe siye khona. Kodwa-ke ngiye ngithande ukuthi noma iPhalamende leli lethu liphuma liya kubantu liyokwenza lomshikashika omkhulu kangaka ohlonzwe yipPhalamende lethu eliqhoqhobelwe phela wuyena inhlango enkulu i-ANC, okwenzeka ngenxa yokhetho nangenxa yama-decisions athathwa khona kwi-legislation nangenxa ye-Constitution Yezwe njengoba kade esindlalele uSomlomo. Kodwa-ke asazi ukuthi noma isithombe sibekiwe noma silenga odongeni sivamisile ukusulwa kakhulu la ngaphambili uma sibukwa yiwo wonke umuntu kanti ngemuva silele izintuli. Makuthi noma silithathile iPhalamende sililetha kubantu, asibathathe nabantu sibayise ePhalamende balazi leli Phalamende elikhona kungabi engazuthi kwakuwumshungu nje wezimoto owawuhamba kukhuluma abambalwa.

Siyolona leli Phalamende eliphethwe neliqhoqhobelwe yinhlango ka-ANC. Ngenkathi singakavumelani ngendaba yokuphuma siye kubantu, kwase kuvamisile ezinye zezizathu angisho ukuthi yisona sizathu esiphezulu ukuthi silokhu sibuka abantu bezositoyizelela ePhalamende, iPhalamende lethu bese lincipha isithunzi. Sikhumbuzane njena inhlango yamatekisi yaze yafika laphaya yakhumula amabhulukwe yaqulusa iqulusela iPhalamende. Kwakungemnandi lokho. Kwathi

dukuduku futhi yaphinda inhlangothi yamatekisi yafika futhi saquluselwa yintombi eyayimathuthumba yaqulusele iPhalamende. Konke lokhu akubanga kuhle hon Speaker singamalungu ahloniphekile emzini ohloniphekile ukuthi silokhu sihlezi sibakhulu singabahlonishwa sizoquluselwa amadoda namakhosikazi amathuthumba.

Loko kwaba njengodumu ushaya amakokoroshe noma izimpukane okwasenza ukuthi siphume bese sihamba-ke siya kubantu ukuze bangasheshe bafike laphayana basiqulusele. Lokho kwaba umswazi omubi kabi wena owazi isiZulu uma uzoquluselwa yindoda nje kulokhu kuluselwana wonke amalanga kamame, kungumswazi lokho. Akuyona into eletha inhlangothi. Yazini ukuthi uma sikhuluma ngePhalamende, uma siyiPhalamende singabantu abanye abasebenza ngesinxele abanye basebenza ngesikudla. Abakwazi ukuphatha kahle izinto baziphathe kahle kukhona abanye abantu -

THE SPEAKER: Sekusele umzuzu owodwa.

MR S W MCOYI (continues): Kungivamisile-ke lokho. Mangisho ukuthi njengoba siwuhulumeni sikhona yiwo lo hulumeni eniwaziwo okuhlale kukhulunywa ngawo onomthetho wokuba izingane zihushule izisu. Yiwo lo hulumeni ola phambi kwenu esize ngawo ophethwe u-ANC okhuluma indaba yokuthi ababolili obufanayo mabaganane ungazi ukuthi indoda ngabe izogana enye indoda ngobani, owesimame agane omunye, benzeni? Yithi-ke laba esesilapha phambi kwenu. Yithi laba esesinimuka izingane zenu zingabe zisanilalela sizinikeze imali yeqolo esikhundleni sokuthi sinikeze umzali kondliwe izingane lezi zombili kodwa sibize izingane sithi, “woza la, mina imali”. Yithi laba esithi sakhela abantu izindlu sakhe amalawu yonke indawo le bese sithatha imindeni siyifake phakathi. Ngiyabonga

THE SPEAKER: Ngaphambi kokuthi ilungu elihloniphekile liqhubeke kukhona into okufuneka siyiqondise malungu omphakathi. Uma sesila kule Ndlu sesikwi-Chamber, asisekho ngale ngaphandle ehholo. Sekusebenza imithetho yeSishayamthetho. Omunye wemithetho yaseSishayamthetho uthi nina njengamalungu omphakathi sininikeze ithuba lokuthi nizobuka nibone ukuthi kwenzekani la eSishayamthetho kodwa aniyona ingxenye yeSishayamthetho. Ngakho-ke aninalo ilungelo lokuthi uma ngabe kukhona okunijabulisayo nijabule nize nishaye izandla njengoba ningenalokho futhi ilungelo lokuthi uma kukhona okunithukuthelisayo nithukuthela nize nifokofise. Nina nizohlala nje nibukele uma ubona ukuthi kuyakujabulisa, wename ujabule kodwa ungazishayi izandla.

Uma kukhona okukuthukuthelisayo, uthukuthelele ngaphakathi ugqumelane uma ubona ukuthi kuyakuhlula uphumele ngaphandle ushaywe umoya. Nokwenanela ngomlomo yilungelo lalawa malungu ala ngaphakathi. Kunesizathu salokho, yingoba uyawabona lawa malungu ala ngaphakathi uma enanela eza edlula lapho kumele adlule khona ngikhona mina ngizowaqoqa, nina-ke ngapho aniqoqwa wumuntu. Ngakho-ke siyanicela nikwenzile njengoba besiqala siyavuma ukuthi yingoba beningacaciselwanga yimina ukuthi nansi imithetho esebenza uma niseSishayamthetho. Ngakho-ke ngizakucela ukuthi kungabe sekusiphinda futhi.

Kukhona oke wangithethisa ngale ethi ngikhulumeleni ngenye yezindawo. Cha ngeke ngiyeke ukukhuluma ngama-experiences ukuze nikwazi ukubona. EMsinga sathi sihlangele siyiSishayamthetho kwangena yona leyo nto yokuthi abanye babantu be-public bagcine sekuyibona sebenanela, kwagcina sekuyibona sebexabana namalungu eSishayamthetho noNgqongqoshe kwadinga ukuthi ngibacele baphumele ngaphandle kweSishayamthetho. Yilezo zinto-ke ezisuke zenzeke kube kungafanele kanti sinicelele ukuthi nje wozani zizobona ukuthi kwenzekani. Ngiyabonga-ke bakwethu ukuthi silalelane sinesikhathi. Asiqhubeke siye elungeni elilandelayo elino- seven minutes, hon Z M Ludidi.

MS Z M LUDIDI (ANC): Ngiyabonga Somlomo. Ake ngingakhulumi-ke ngalaba abakhishwe yizinga ePhalamende. Thina sikhishwe ukuxakekela abantu bakithi. UNyambose uke washo ngale etendeni kade sikhona ukuthi kukhona umama othe, ngeke ungishiye la njengoba wayehluphekile e-indicat-he ukuhlupheka kwakhe ngaleso sikhath njengoba namanje esafike naye. Engethemba ukuthi usizakele-ke ngokufika kwethu njengoba besesishilo.

Sithe uma sihambela lezi zindawo eziyisithupha zoThungulu sihlangana nabantu bezindawo ezehlukene bakhombisa ukujabula impela uma sifika. Nokho-ke into esiyiqikelele kakhulu ukuthi ububha buningi kakhulu. Enye yezinto eyinkinga kakhulu, eyinkinga ekuphileni, ekuwasheni, ekutshaleni; amanzi. Kukhona nemigwaqo lapho kwathiwa khona bebefisa ukuthi engathi lingana silale khona. Sikhumbula-ke ukuthi lo mgwaqo selokhu wabakhona okoko not ukuthi awuzange ube khona manje njengoba sekukhona laba bantu abawahambelayo lawama-areas.

Kuna le nkinga enkulu uNyambose useke wayisho ngale yoMnyango Wezenhlalakahle. Cha yonke indawo lapho ekade sihamba khona bekukhala ngawo kukhalwa ngabasebenzi. Uma ubheka kahle uzothola ukuthi abasebenzi ngazuthi bazisebenzela bona kunokuthi bamelele abantu ababasebenzelayo ngoba ngokuhlukana kwezindawo kodwa uthola nokukhala kwakhona. Eshowe besizocela impela uNgqongqoshe ukuthi athi pay special attention ngoba kunabantu asebeze baba namagama, uma bekhuluma abantu bakhona bakhuluma sengazuthi sonke siyazi, sebeze baqamba ngokuthi bangama-ambulance ngoba laba bantu bafika behleli bese befika futhi bafika ngamakhumbi besuka kwezinye izindawo bezobhalisela impesheni engazuthi kunendledlana ethile yomkhonyovu okwenziwa ngabo. Bekungakuhle uma uNgqongqoshe angase alungenene lolu daba okungenani nabo laba abakhona bashintshwe bayiswe kwezinye izindawo ngoba kuyabonakala ukuthi sebenezimpande.

Okunye okuphathelene nawo lo Mnyango Wezenhlalakahle ubuningi bezintandane ezikhona. Omunye umama nje wathi unezintandane eziwu-14 and iningi lazo abazali bazo babulawa yigciwane lengculazi, ezinye zisala nogogo. Inkinga eba khona ukuthi ugogo akazi nokuthi le ngane yayizalwe nini bese engakwazi nokuyothola isitifiketi ukuze ayitholele i-grant kanti nabo laba bama-foster grants abakwazi ngoba abanazo izitifiketi. Abanye njengoba kuke kwachazwa ukuthi uthatha izingane angahlobene nazo kodwa akazi ukuthi uzosisiza kanjani, uzowathatha kanjani ama-ID. Nakho konke futhi lokhu besithi uNgqongqoshe uma angase ayisebenze le programme yokusiza laba bantu ikakhulukazi laba abama-ID ukuze bathole indlela yokusizakala ngemadlala encane leyo yesondlo sabantwana, either i-foster noma i-CFG.

Uma sibuka bayasho ikakhulukazi ukuthi izingane lezi eziyizintandane abazali bazo bashoniswe yisifo sengculazi. Besizocela-ke futhi mhlawumbe ngendlela esichitheke ngayo la uma sibona, uNgqongqoshe ukuthi ake enze izinhlelo ezithile zokuzofundisa abantu ngendlela yokuziphatha. Siphinde futhi sithi laphaya eMnyangweni Wezempilo kuhambe kwaze kwavela lapho kuthiwa kunesoyi elaphendulwa kwathiwa laphendulwa u-Mrs Msomi neMeya nekhansela. Besizocela-ke ukuthi uNgqongqoshe, ngiyethemba ukuthi bakhona aboMnyango noma uNgqongqoshe engekho ukuthi ake asibhekele ukuthi lelo soyi laphendulwa kwaphelwaphi, liphendulwa obani ukuze phela basizakale abantu benkosi.

Inkinga enkulu ngesikhathi noma ngabe laba bantu banazo izindawo zokulima, amanzi awekho okuthi batshale imifino mhlawumbe basizakale njengoba bengasebenzi benalesi simo abaphila kusona. Abanamasimu abanawo amandla okuqasha ogandaganda babalimele, abanye bathi amadamu akhona kodwa asashelwa amanzi awasasetshenziswa babuye baphinde bacele namadamu amasha. Besizocela-ke ukuthi uBhungane omuhle ake abheke ukuthi angeze yini alekelela la okungenani-ke nangakho nje ukubalimele noma kungathiwa bayababoleka ogandaganda labo Bhungane.

Kuke kwacaca-ke kwenye indawo intsha icela bephindelela izindawo zokudlala, ama-grounds bakhala kakhulu ngamagrawundi thina sikhala nangamanye ama-facilities aneziinye izinto kodwa nje bakhala kakhulu ngamagrawundi ukuthi nabo ngabe banabo ama-professionals wabo ukube bebenegrawundi kodwa ngiyathemba ukuthi ngesikhathi uNgqongqoshe Wezemidlalo eya khona akazukuyela nje igrawundi kuphela useyokuyela nezinye izinto ezingase zibasize abantwana laba.

Kukhona lapho kunama-computer khona anikelwa u-RBM kodwa ngenxa yokuthi ugesi awukho abakwazi ukuwasebenzisa. Bese kuba khona abanye abanogesi abathi thina sinawo ugesi kodwa ama-computer asinawo. Besizocela futhi lapho uNgqongqoshe Wezemfundo ukuthi alekelele ikakhulukazi labo asebenawo ama-computer ngoba uma ubheka endaweni ukhona ugesi wona akusikona ukuthi awukho. Okuke kwabuye kwasididisa kakhulu ngesikhathi sekuthiwa kuyazanywa ukuthi abantu okuyibona basendaweni kube yibona aba-provide ama-services mhlawumbe-ke kuthi nezinga lobubha lithi ukuthi okwalowo mzuzwana. Banikezwe amathenda abantu abaningi kodwa endaweni mhlawumbe ezintathu azange bawa-provide amathenda bese kuba yinkinga lokho ngesikhathi benikezwa amathenda bethi beyazanywa bese bephinde behluleka.

Kwezinye izindawo sithole ukuthi intsha iyakhala ngokuthi ithuthukiswe ngakwezomnotho. Mhlawumbe-ke ngelinye ilanga kuyobaluleka ukuthi thina njengeSishayamthetho si-target-he intsha ke manje uma kwenzeka siba nezindibana azifana nalezi. Siyacela siyanxusa kubo bonke oNgqongqoshe abathintekayo ukuthi lolu daba aluphakamele. Ngiyabonga Somlomo.

THE SPEAKER: Thank you, hon member Ms Ludidi. We will now have hon Member Mr Keys who has one minute.

MR R E KEYS (DA): Mr Speaker, thank you. The visit to the people of Uthungulu districted reflected a community that has lost faith in the government. This report reads like a litany of failure, corruption, inefficiencies, incompetence, false promises and neglect.

From the perspective of the people on the ground, the government is very poor because there is no delivering of services being made, there has been substantial change in the quality of their lives since this government took over, but from the perspective of the MECs, this government is rolling in the money. You look at how many sods have been turned, how many banquets have been held, it's an enormous of money that is spent, you know functions that do not deliver services to the people.

Mr Speaker, every facet of government reflected this failure to govern effectively. If we take a look at education, from a school that had its roof blown off in November last year, it is still under construction.

THE SPEAKER: The time is over.

MR R E KEYS (DA): Thank you, Mr Speaker, I will continue later.

THE SPEAKER: Let us proceed. The next speaker is the hon Rev A H Mbatha who has six minutes. This is in terms of the amended list.

REV A H MBATHA (Nadeco): Ngiyabonga Somlomo. Okokuqala kuthina kuNadeco sithanda ukuthi halala Nyambose nethimba lakho elaphumelela ukusiqoqela ulwazi olukhulu kangaka mayelana nale ndawo esihlangene kuyo namhlanje. Somlomo inkinga thina esiyibonayo kungukuthi umbuso ubusa abantu abasemazingeni ahlekene kakhulu ngempilo. Kukhona abantu abadla imbuya ngothi abahlupheka impela kakhulu bese futhi kuba khona phansi kombuso lo abahamba ngezimoto noma zingaba mbili noma zingaba ntathu ezinesondo emhlane noma amasondo emhlane. Lokhu kubangela ukuba kube nzima embusweni ukuba namasu ashaya khona kuyo yonke le mikhakha yomphakathi ukuze labo bantu basizakale.

Lapha ezweni lakithi kukhona abantu abaku-LSM 1 nabantu abaku-LSM 10. Bonke laba bantu bafanele ukuba banakekelwe ngumbuso umakhele amathuba okwenza impilo yabo ibengcono ngokufanayo. Lokhu kulukhuni ukukwenza futhi akulula ukuthi sithi sinesu thina lokukwenza masinyane. Umbuso ufanele wakhe oshampeni bomhlaba

kodwa futhi wona lowo mbuso kufanele ukuba uguqule ukhulule abantu abadla imbuya ngothi. Iningi lamalungu eNdlu avela kuzo lezi zindawo akade zivakashelwe futhi aphuma kubo laba bantu uSihlalo waleli thimba ungowakhona kuyo le ndawo. Aphuma kubo laba bantu okukhulunywa ngabo abahluphekayo kodwa Somlomo mina ngithi asikakalitholi ikhambi nesu lokuguqula ububha bube ubucebi noma ububha bube yizinga lempilo elamukelekile kubo bonke abantu.

Abasebenzi beMinyango eminingi nabo iningi labo livela kuyo lemiphakathi esikhuluma ngayo lapha. Mina ngithi inkinga isekutheni ingcebo siyichaza ngalokhu umuntu anakho siqu sakhe. Sisafanele ukuba sike sixoxe ukuze ingcebo ye-Afrika ichazwe ngegalelo umuntu analo ukuguqula impilo yabantu abadla imbuya ngothi badle kahle. Ngokwe-Nadeco umnotho okhululekile usimama kuphela ngokuthi ube nonembeza nozwelo lwabantu abaphila nobubha.

Somlomo nawe Nyambose sibogaphela ukuthi singabejwayeli ububha size singabe sisabubona futhi singayejwayeli indlala size singabe sisezwa nxa umuntu eselambile. Ingozi esinayo kuleli zwe lakithi ngoba nathi sivela kuyo le miphakathi singahle sigcine sesejwayele indlela yabo abantu bakithi esiphila nabo yokuphila sesithi nikhalelani ngoba nakhu sesinilethele ngisho amanzi sisho lokhu amanzi egwedlwa ngesigwedlo kude bese sithi sesinilethele amanzi. Sithi nikhalelani ngoba sesize sanisiza nangezinkomo ukuthi nifuye kanti sisho ngoba sibalekelele ngezimbili noma ngezintathu kanti abantu bebedinga amanzi ukuthi abe sezindlini zabo. Abantu bebedinga ukuba izinkomo zibe ziningi ngoba kuwuphawu lwabo lokuphila.

Mina ngithi sinenkinga lapha ezweni lakithi ukuthi ngizalwa khona lapha enhluphekweni futhi nathi kasazi lutho olungcono. Lokhu kubangela ukuba noma ngabe sizisebenzi zikahulumeni noma ngabe singamalungu ePhalamende, inkinga yethu sigcina sesincintisana kanye nabo laba bantu esathi sizobasiza ukuba bathuthuke. Nathi sizeni bench mark ngabo labo bantu sithi kodwa impilo yami isingconwana lokhu ngangena ePhalamende ngoba angisahambi ngehashi njengoba besihamba ngalo izolo besahamba ngalo laba. Mina ngithi sisadinga isu elikhulu Nyambose lokuba umsebenzi kahulumeni welekelele abantu futhi ubasize ukuba uhulumeni angakuhumushi ngokuthi uthole amavoti amangaki ngakho-ke ashaye iwule athi uyawina kodwa uhulumeni azihumushe ngokuthi uguqule izimpilo zezigodi nezifunda ezingaka lokho okumenza ashaya iwule yokuthi uyaphumelela noma i-margin yakhe ingancane kanjani,

akunandaba ngamavoti kodwa i-margin yakhe yokuguqula ububha bube ubucebi noma ukuguqula ikudla imbuya ngothi kube yimpilo enethezekile sikuthathe lokhu njengokunqoba okukhulu kombuso.

Yile nkinga mina engibona ukuthi isikhathi esiningi silibana ngokuphikisana ngokuthi yini i-capitalism yini i-socialism, yini i-free enterprise, yini lokuya kanti ukuba sivele sihlale phansi sithi kunobubha ezweni lakithi abantu bakithi abanamanzi, izikole zisekudeni, abantu bakithi izikole uma ziphephukile kuthatha isikhathi ukuthi zakhiwe, abantu bakithi bahlushwa ngomabhalane babuye bantshontshe imali yezalukwazi namakhehla, sizokwenzenjani lokhu bese sivele sibhekana nakho nje singabi nandaba ukuthi iyiphi i-model esiyithathayo, i-socialism noma i-capitalism, sithi sifuna ukwelelekela abantu bakithi. Mina ngithi kulapha-ke umuntu wonke ethi ubucebi bami busekutheni omakhelwane bami babengcono impilo yabo ukuba impumelelo yami isekutheni omakhelwane bami ngabafica benje, sasikanye nabo sinje kodwa manje sengizamile ukuthi impilo yethu ibe nje.

Ngithi-ke mina .. [Interjection]

THE SPEAKER: Baba uMthiya kade ngilokhu ngithi ngiyazama ngesikhathi usakhuluma nge-socialism no-capitalism bengithi ngiyalekelela ukuthi ngithi Mthiya sekuvele sekuyophela isikhathi manje kwasho ukuthi akusebenzi lokhu Mthiya. Inkosi yami ayisale isigoqa-ke nje ngo-two seconds.

REV A H MBATHA (Nadeco): Somlomo engathi kungengasebenze njalo. Elami Somlomo engizolibeka lapho kungukuthi asifuneni isu bakithi niyeke ukuncintisana lokhu kokuthi abanye bathi abanye bathi. Asizame ukuguqula impilo yabantu bakithi. Leli Phalamende seliphelelwa yisikhathi impilo yabantu bakithi ayiguqukile. Ngiyabonga Somlomo.

THE SPEAKER: Siyabonga Baba uMthiya. Hon member Mr Rajbansi, you have five minutes.

MR A RAJBANSI (MEC for Sports and Recreation): Thank you, Mr Speaker. I am very, very appreciative of the fact that the Chairperson ensured that multiparty oversight is very, very boldly printed. He also emphasised that this Committee went there not divided according to party lines, but went there as a collegiate.

You know, hon Mr Keys, in England they have been watching sports development in this district. They have come here, they spent their time here. You did not have the time to come here. They said we turned the sod, we built the facilities and they have praised us in English newspapers. They have been loyal to this district. We have completed 60 sports fields in the past two years in the province, 30 combination courts, futsal courts, programmes. Last night and Friday night I entertained 90 youths from this area, male and female, who are being trained in mass participation as coordinators and as leaders and we have hubs here and we have mass school sports here.

The Uthungulu mayor praised us, praised the MEC for Local Government. We have built a sports field in iNkandla, we have built a multipurpose combination court, we are about to open a state of the art swimming pool in this district, we are helping this District Council to have an athletics track and we had Amazulu bring Maputo to play a big match in this district.

We cannot provide facilities in every area. All I can say, in this area there is a fair share of facilities in every District Council area. We have been paid by the National Government and the National Minister. You cannot build a sports field behind everybody's backyard, but where the needs exist greatly, give us a motivation, we will inspect that. I will invite the hon Mr Keys when we officially open the swimming pool, he can come and make use of the combination court, he can come and see the sports field we have provided. In this area we had a mass school sport meeting with a school from Leeds. I have never seen such a big crowd. We have selected this area as one of the areas that can produce great stars. So I agree that there are problems.

This year we are going to build 20 fields, 30 combination courts and we are going to look at this District Council. We are dealing with the federations and what I am saying, we cannot build sports fields in every township. Ethekwini is one of the richest municipalities in this country, but they cannot afford to build sports fields in every township within that area.

So there is delivery, we are turning the sod, every Minister is turning the sod, but go and see. You know, Shameen told me, as a pharmacist, sometimes when you get high blood pressure, it gets stuck, it gets stuck for four years. I think if something is wrong with your brains, something is stuck about some pressure four years, come and see

Shameen, she will take that thing out so that you will look at the government with objectivity and impartiality and the true spirit of multiparty democracy and you can go and tell John Mchunu, the emerging ... [Indistinct] at the facility, that here is multiparty democracy. Thank you. [Interjection] Shut-up, just shut-up! [Laughter]

THE SPEAKER: Thank you, thank you very much, Mr Rajbansi. Hon member Mr Khuzwayo, you have seven minutes. Mnguni uno-seven minutes ukuphi?

MR A RAJBANSI (MF): I must apologise, Mr Speaker, I must apologise in respect of I did not say "Hon Shameen".

MR D N KHUZWAYO (ANC): Baba Somlomo, mangilibonge leli thuba engilitholayo kule nkulumo mpikiswano. Okuzolandela ngibonge kakhulu kuwena Somlomo ngokusithuma kwethu sikwazi ukuyozibonela mathupha sifike kubantu njengabantu ababeyithimba elalithunyelwe ukuthi liyobhula amazolo phela libhulele lesi Sishayamthetho esila namhlanje esizohlala izinsuku ezintathu sikubona abantu. Sithi-ke Baba Somlomo sikwenzile konke ngempela owawusithume kona kwaphumelela njengoba ubona abantu bephume ngobuningi babo basoThungulu komasipala abayisithupha. Okulandelayo mangibonge Baba Somlomo uBaba umhlonishwa uNyambose njengomuntu obehola leli thimba. Ulihole kahle ngempela ngoba besexubene singamaqembuqembu akhona kwiSishayamthetho kodwa kube nokuthula kwabakhona nesivumelwano esihle ukuthi cha ngoba sonke sasikhuluma laphaya sibeka izinhloso zethu ngoba sikubantu bonke bajabula bacacisa ukuthi bayakuthokozela ukuthi iPhalamende liphume liye kubantu bona impela ozakwethu laba abangaphesheya kwami babencoma kakhulu uhulumeni oholwa ngu-ANC ukuthi wenza umsebenzi omuhle ngoba sasibuka izimangaliso laphaya. Ngiyezwa nje umhlonishwa uMcoyi uma ekhuluma, ngineqiniso lokuthi abahlonishwa laba abanye ngeke bakuvume lokhu akushoyo ukuthi bakhishwa yizinga emaPhalamende baze baye kubantu.

U-ANC thina njengohulumeni esikhona esihola i-KwaZulu-Natali akusebenzanga indaba yezinqa kepha ukuxakeka kwabantu esasibabona bengadlile behluphekile ngempela bedabukisa. Ngineqiniso lokuthi okwakhe yedwa nje lokho, akekho noyedwa omunye umhlonishwa la ongahambisana nale mibono yakhe njengoba ekhuluma nendaba yamaqolo nje, kuyinhamba leyo enkulu ngendlela eyisimangaliso. Ngiyacela ngempela ukuthi abahlonishwa bangaphesheya bamluleke. Abantu ngiyazi bahlakaniphile abazona

izilima. Bayalibona iqiniso, yingakho nje bezophinda benze le nto kulo nyaka esiya kuwona yokuthi baphinde bavote abantu bavotele inhlangotho ka-ANC ngoba yiyona yodwa ezobakhipha ezinkingeni.

Okunye okuzolandela yilokhu: Lapha e-South Afrika sinohulumeni abahlukaniswe kathathu. Kukhona uhulumeni omkhulu, owesifundazwe kube nohulumeni wasekhaya – omasipala laba esinabo. Ngempela kuyadabukisa kakhulu ngoba Somlomo namalungu ahloniphekile into ebesiyibona kwezinye izigodi noma komasipala abanye, bekungazuthi akukaze kube khona uhulumeni oke waba khona kule South Afrika kanti baningi ohulumeni abebekhona kodwa futhi okungaze uthi akukaze nje baze balubeke ngembaba lokuthi bayaqala ukuyibona le nto bebona uhulumeni eza kubona! Bona bazi ukuthi ayikho into abayikhulumayo, wawubona ngebhunu nje o-Keys befake isigqoko esikhulu ekhomba ekhomba ekhomba ekhomba, ubone sekudatshulwa lowo mgwaqo oya epulazini lakhe yedwa, kuzokhanya kuyena yedwa laphaya phesheya. [Interjection]

THE SPEAKER: Lungu elihloniphekile ukhona-ke ofune ukukhuluma manje. Ake sizwe-ke ukuthi iyiphi i-Point of Order.

MR S W MCOYI (IFP): Hon Speaker, I rise on a point of order of irrelevance that is Rule 86, that what he is mentioning now is not in our report but is something that comes from himself. Thank you.

THE SPEAKER: Cha lungu elihloniphekile Baba uMcoyi kunomunye umthetho omugunyazayo ukuthi uma edibheyitha avuleleke enkulumweni yakhe. Ngakho-ke akakaphumi-ke enkulumweni yakho okwamanje. Usadibheyitha impela ngamaphuzu awaqqoqile naye ngendlela yakhe. Qhubeka-ke lungu elihloniphekile.

MR D N KHUZWAYO (ANC): Cha ngiyamangala ilungu elihloniphekile uMcoyi uma ekhuluma kanjalo ngoba angazi ukuthi izinqa bezingenaphi kule report ngoba ayikho nje indaba yezinqa la, namaqolo awekho nje. Kuyangimangaza-ke lokhu akushoyo kodwa ngeke-ke ngiphazamiseke ngalokho. Ohulumeni njengoba behlukaniswe izigaba ezintathu bengisacacisa ukuthi uyafika kubantu nathi laphaya komasipala uthole ukuthi ngempela ezindaweni ezinye sase sidabuke sidabuke Baba Somlomo impela uthuke sewungena ekhukhwini ubona usizi olukhona amalungu esasihamba nawo la azokhumbula ukuthi kwakudabukisa impela kwasho ukuthi nobaba esasihamba naye umhlonishwa uBaba uNyambose unalesi siphiso sakhe sokuthemba uThixo-ke, impela

kuthandazwe kube muncu impela nje ubone ukuthi usizi lodwa ngazuthi kufiwe nje ngenxa yobubha yokuhlupheka kodwa kade bekhona ohulumeni.

Bazethula-ke abantu izethulo zabo uthole ukuthi kwezinye izindawo kunamakhansela afanele abe wubaba uvele uthole ukuthi bathi wena uyiqembu elithize awuzukuthola ukuthi, amanzi azoya eqembini elithize, awazukuya ngapha kodwa nilindele amavoti! Awubheke isimangaliso esenziwa uhulumeni lo oholwa uKhongolose! Uya noma ndawophi! Sathunywa kwathiwa asibasizeni abantu – ukuthi ungubani asinendaba nalokho. Yingakho-ke laba bantu uyobabona la ngelinye ilanga bezophuma ngonyaka ozayo beyovotela inhlango kaKhongolose ngoba abantu ...[Interjection]

THE SPEAKER: Kulungile kona ukuthi nithikamezane kodwa uma senithimizekana kangangokuthi ilungu lingaqhubeki senona umsebenzi weNdlu. Leli lungu njengamanje lino-five minutes no-24 seconds ola esengiwumisile ngenxa yokuthi nje nilidistebhile. Linikeni ithuba lokuthi liqede. Qeda lungu elihloniphekile. Una seven minutes ungakhohlwa.

MR D N KHUZWAYO (continues): Cha okubalulekile-ke kunye, ayikho into eyosiza le KwaZulu-Natali ukuthi benze njengoKhuzwayo. Ayikhule inhlango kaKhongolose iye phambili ukuze sisebenze ndawonye kube kuhle. Ngithi-ke okubalulekile nakhu: Lapha kwa-ANC into engifike ngayibona khona isimangaliso sokuthi ubuholi bakhona ungazuthi – ngabona ukuthi ayikho le nto, yayimile ibhasi inganyakazi. Ngithi-ke lapha okubalulekile kunye engizokusho manje. Inhlango yabaholi abahola le nhlangano yaKwaZulu-Natali okunguKhongolose bayisimangaliso. Bayakwazi ukubona izinto nokwenza izinto, silapha nje ngenxa yobuholi baKhongolose.

Ngithi-ke Baba Somlomo lapha thina kwa-ANC nabo mhlonishwa osomahlanya abantu sebevele baphenduka nje kwesinye isikhathi babe amahlanya, umuntu uma esanda kukhuluma bese kuyahlekwa kube amahlanya nje. Ngapha thina siqonde ukusebenzela abantu sibanike izidingo abazidingayo abantu. Asikhonikhi thina siyasebenza. Sifika qathatha ngoba kuyaphuthuma ukuthi abantu bathole lokhu abakufunayo. Ngiyabonga kakhulu, ngiyabonga Somlomo.

THE SPEAKER: Hon member Mrs Downs, you have four minutes.

MRS J M DOWNS (ACDP): Thank you, Mr Speaker. Can I begin by saying that this actually what Taking Parliament to the People is about. It is cost-effective, it is effective in that we spend much more time listening to the people and their issues other than debating things that are on our agenda rather than on the people's agenda and I really want to commend the hon Mr Mtetwa and the delegation for the report that they have done and the work that they have put into it. This is what we should be doing and more often than we do.

Mr Speaker, the only problem I have with this is that I was not able to be a part of it because it was set during the budget sittings and it is very unfair, I think, to some of us to set such an item on the agenda during the budget sittings. As the legislature we have to pass the budget, it is our main programme of the year and I would very much like to have been a part of this and I am very sad that I was not.

I suggest that we immediately convert all this big hullabaloo which I really do not believe serves us as well or as cost-effectively as doing these programmes more often and going to more places. I really believe that it would be more effective in the long run.

Mr Speaker, it is obvious that there are still huge pockets of poverty and problems that we have not been able to deal with and we need to keep our eye on it. The two major issues that are being raised in this report are the issues that got me into trouble with the ANC at the beginning of the year – it is education and lack of jobs for the youth that are coming up, lack of skills, lack of facilities, lack of hope in these areas - and unless we actually take education seriously and I want to commend the hon Mchunu for actually raising it three or four months after the ACDP raised it, that we still have a huge disparity in our education, where people that have come to report, are saying that they do not have facilities in their schools, they do not have toilets, they do not have good teaching and we have an issue with education and it is something I believe that we need to pay the highest attention to.

The second issue is very much linked to education because if people do not have skills, they cannot actually lift themselves out of poverty and it is the biggest single issue that I believe that we need to focus on in terms of the way forward. They are asking for simple things. I was very heartened to see that people are not actually asking for handouts – they are asking for things like assistance in farming, how to farm properly or try to

mechanise and those kinds of issues. They are asking for assistance in putting together some kind of a marketing programme for women who want to do crafts and those kinds of things and I was delighted to hear of the kinds of things that people are asking for, because they are not standing there saying, "We are hopeless, we are hopeless, we are not able to do things". They are saying, "This is what we have got..."

THE SPEAKER: 30 seconds.

MRS J M DOWNS (ACDP): ...in our hands. Help us take what we have got in our hands and enable us to make proper use of it". Are you telling my time is over, Mr Speaker? Thank you.

THE SPEAKER: Hon member Mrs Downs, you probably did not hear me. I had said 30 seconds, but that is fine. I will now request the hon member Mr Msomi who has four minutes.

MR B J MSOMI (UDM): Somlomo angibonge ithuba. Angifise la ukusho amagama ashizo umhlonishwa ongaphambi kwami obekade ekhuluma ukuthi nakuba inhlango engiyimele yayithanda ukuthi ibe ingxenywe yalolu hambo ayikwazanga ngokuthi kwakunaleya budget so amalungu wonke e-UDM ayebambeke kuma-budget speech. Ngenhlanhla Somolo indawo engiyaziyo ngoba ngihlalile kuyona kakhulu. Engifisa ukukukhuza mhlawumbe ukuthi sekwanele manje yilokhu kokuthi intuthuko imbathiswe umbusazwe noma ubuqembu. Yindawo esenenkinga le ngempela okusafuneke isetshenzwe kakhulu ukuthi noma ngebe ungu-ANC noma ngabe uyi-IFP, abake balethe intuthuko kubantu bayigqokise ubuqembu ngoba yiyona into esibuyisela emuva leyo.

Ngiyafisa ukusho ukuthi izikole yila sengathi akuqinile kakhulu la loluhlelo lwe-Department of Education lokuthi linikezele ngosizo lwetransport, yiyona ndawo okufuneka ukuthi icatshangwe ingasali ngaphandle ngoba izingane zihamba amabanga amade ngoba izikole zihlukene. Ngiyafisa futhi ukusho la ukuthi ubugebengu njengoba i-report ikubekile, le ndawo yaseDondotha yenye yezindawo eyaziwa kakhulu kuleli zwe lakithi ukuthi inobugebengu ikakhulukazi bezimoto. Yile ndawo la kuthiwa khona izimoto zabantu zithathwa koMpangeni, Sikhawini, zizocwiywa la. Bengingajabula ukuba uNdosi ukhona ukuthi ake ayibheke le ndawo ukuthi kungabe kungaliwa kanjani nalobu bugebengu ngoba ikakhulu ngoba izigebengu ezila ziyasatshwa futhi ngabantu. Ngisho

umuntu eyazi ukuthi imoto yakhe la akakwazi ukuyilanda uma isike yeza eDondotha noma isahambe izindlela eziza ngapha eDondotha. Angazazi-ke ukuthi ziphi.

Okunye Somlomo engifisa ukukusho ezolimo. Le ndawo yinhle Somlomo ivuma yonke into uma usuka nje la ubheka uze uzoshaya kontuthunga kuningi ukudla okungatshalwa la. Uma abantu benganikwa izinto zokulima, izimbewu, amageja nacho konke ogandaganda kuningi okungenziwa la okungaxosha ububha. So ngiyacela ukuthe iMnyangweni Wezolimo, ngebhadi akekho umhlonishwa osiphathele lo Mnyango usaphumile. Okumayela nezemidlalo bengizokhuluma into ekhona la kumhlonishwa oseduze kwami ukuthi as much as eshilo ukuthi kukhona abakwakhile but ezinye zezindawo zalezi zingaphandle kakhulu, zisemakhaya. Uyabona kule ndawo inethalente elikhulu kabi, kune-club eyayinkulu kabi la engingazi ukuthi ikusiphi isimo njengamanje okwakuthiwa iNkanyezi enabadlali ebathumelile emaklabhini amakhulu. Manje indawo efana nalezi baningi abadlali abangatholakala.

Mayelana nokwakhiwa kwemizi njengoba umbiko usho mina bengingajabula ukuthi akuke kungakhuthazwa amalokishi futhi ngihlale ngikusho lokhu ukuthi abantu abakhelwe emakhaya abo izindlu lezi zemixhaso ngoba lezi zindlu eziwayo zingaphela uma abantu bengakhelwa futhi bangathola ukuthi bakhelwa izindlu ezinkudlwana ngoba awekho ama-consultant uma wakhe emakhaya athatha inkulu emali. Okunye Somlomo bengifisa mhlawumbe uMnyango ngoba nangu ukhona uNgqongqhoshe wakwa-Arts, Culture and Tourism uMama uWeziwe Thusi ukuthi le ndawo le ndawo inabantu abaningi abasebenzisa izandla. Uma singase sibheke ukuthi bangasizwa kanjani ukuze imisebenzi yabo ikwazi ukudayiseka, kuningi okungenziwa impela Somlomo engikholwa ukuthi singabasiza abantu ngoba abantu abaningi abadayisa izimpahla koThekwini bazithenga kulaba bantu abasuka kulezi zindawo bese bezidayisa enkulu imali uma sebefika kwezinye izindawo bebe bezithenga ngo-R20 la izimpahla zabantu.

Singakanani isikhathi sami esisele Somlomo, ngisengaqhubeka?

THE SPEAKER: Nomndayi angithi kusasele ngaphezudlwana kancane kuka-30 seconds.

MR B J MSOMI (UDM): Okunye-ke abantu abakhala ngakho okuhluphayo u-Home Affairs. U-Home Affairs sekusuke nomsindo kwezinye izindawo la ubona kunochuku nodweshu lolu olukhona ukuthi u-Home Affairs usiza abantu okungafanele abasize.

Abantu okumele abasize abayimisinsi yokuzimilela akabasizi kodwa usiza abantu bokuhamba ngoba uyabakhokhisa. So ama-officials ayaganga so ngingajabula uma le nto yakwa-Home Affairs kube khona oyithathayo ngoba mhlawumbe ingaxazululeka inkinga. Ngiyabonga.

THE SPEAKER: Siyabonga Hon member Mr Msomi. Umnumzane u-Keys.

MR R E KEYS (DA): Thank you, Mr Speaker. The DA would dearly love to go on these visits and see that the quality of the lives of people has improved. We would love to see that the schools that have their roofs blown off, are quickly repaired, that education is taking place. We would love to see that pensions and grants are paid in time, that they are not stopped just by whim of somebody's hand. We would love to see that the police are consistent in serving the community. We would love to see housing being delivered, where people can be assisted with housing and we would like to see agriculture growing and developing.

However, Mr Speaker, this is not the case. This report does not reflect what we would love to see. This report reflects a people in despairs as community after community that has seen that the government does not care. Clearly, the government has neglected the people since they were elected in 2004. A few visits with a free lunch and sods turned, have in effect resulted in no delivery and this is according to the people living in the district, not according to myself.

What also is clear is that the municipalities lack the capacity to deliver. Our problem, Mr Speaker, is that National and Provincial governments dominated by the ANC, make promises that Local Government has to deliver, but there is no funding that follows the function and that needs to be followed through.

We also heard of bad bridges and bad roads. Without roads there cannot be taxi services, without efficient transport business cannot develop. As regards the service by Home Affairs, well Mr Speaker, you and I and every other member in this House knows how bad they are.

The essence of our visit must ensure that the people are better off after we have visited. The people will be better off if there was a coordinated economic revival, if there was a coordinated plan. As I have said in this House before, no man can hold his head high if

he has to rely on welfare handouts. People do not want to say, “Ngiyacela baba, ngiyacela”. People want to stand on their own two feet and the government must assist in helping people to stand on their own two feet.

For us to be a success, we need to breathe in every individual a drive to be self-sustaining and where it is absolutely necessary, a welfare net to catch those who fall out the bottom. A winning nation is not a nation dependent on welfare – this we learned in Australia from an aborigine whose whole life is directed to getting the aborigines off the welfare system and to stand on their own two feet, to be proud to be human beings.

We too need to rise to the challenge and for this we propose:

- That many more agricultural agents are sent into the areas. This district depends on agriculture, but how many agricultural agents are there to assist the farmers to develop and grow and produce? Very, very few. South Africa does not need so-called farmers dependent on the ANC for handouts in return for their votes. This will not build a strong nation.
- Responsive Education, Health and Welfare Departments that will slot into the vision of professional service delivery, a Home Affairs that is efficient in serving the people and a government that will not contemplate corruption, bribery, unprofessional conduct from any of its servants.

Mr Speaker, unfortunately the ANC in this report does not live up to the high standards expected of good government. The people must decide next year whether they are going to live under the yoke of the ANC or not and it is clear, when people come to us and there is page upon page upon page of government failures, then they must realise that words do not actually deliver. People will judge on what is delivered. We have had enough sod turning, we have had enough gala dinners, we have had enough izimbizos – R12 million by one single department in the three years, R2.5 million on advertising. The Department of Health, R100 million overspent in advertising. If we are so flush with money, Mr Speaker, why do we not put into education and transport and roads and electricity and water? No, because our government, the ANC government, is too busy spending money on their own egos and their own importance. We have got to end that cycle from the top down...

THE SPEAKER: One minute left.

MR R E KEYS (DA): Mr Speaker, it is clear we need to turn this country of ours around, but we need to start here in this district. Let us make that positive decision and let us make it a winning nation. I thank you. [Hear hear]

THE SPEAKER: Hon member Mr S J Vilane, you have seven minutes.

